# I-GPL IMEMA UMPHAKATHI UKUBA UPHAWULE NGOMTHETHOSIVIVINYWA WEZEMITHETHO-JIKELELE YESIFUNDAZWE SASEGAUTENG [G007-2020]

Ikomidi lesiShayamthetho Sesifundazwe saseGauteng Eliqaphe Ukusebenza KweHhovisi LikaNdunankulu kanye NesiShayamthetho (OCPOL) limema bonke ababambiqhaza kanye nabantu abanentshisekelo ukuba baphawule maqondana noMthethosivivinywa Wezemithetho-Jikelele Yesifundazwe saseGauteng [*G007-2020*].

Lo Mthethosivivinywa Wokuchibiyela uhlose ukuhlela kabusha nokuhambelanisa ngendlela efanele ukuqokwa kanye nokuqokwa kabusha kwamalungu amabhodi kanye nokuqashwa kwabaphathi abakhulu bezikhungo zikahulumeni wesifundazwe, futhi ngokwenza njalo, kuchitshiyelwe le mithetho elandelayo—

• uMthetho Wezokugembula waseGauteng, 1995;

• uMthetho Wezindaba Zabathengi (Izinkambiso Zebhizinisi Ezingalungile futhi Ezingenabo Ubuqotho Nobulungiswa), 1996

• uMthetho Wezokuvakasha waseGauteng, 2001;

• uMthetho wezeGauteng Growth and Development Agency (Proprietary) Limited, 2003;

• uMthetho wezeGauteng Enterprise Propeller, 2005;

• uMthetho wezeGautrain Management Agency, 2006; kanye

• noMthetho Wezotshwala waseGauteng, 2014;

**Bonke abantu nezinhlangano ezinentshisekelo kulo mthetho ziyamenywa ukuba zinikeze imibono yazo mayelana nalo Mthethosivivinywa ngokusebenzisa noma iyiphi kulezi zindlela ezilandelayo:**

1. Ngokwethamela isigcawu sokulalelwa kwezimvo zomphakathi esizobanjwa **ngoLwesihlanu mhla zi-03 kuLwezi (Novemba) 2023 eSunnyside Park Hotel and Conference Centre** kusukela ngehora le-**10 ekuseni**.

2. Ngokubamba iqhaza esithangameni sokusakazwa ngqo kwesigcawu sokulalelwa kwezimvo zomphakathi ngohleloxhumano lweYouTube kanye nasemakhasini eFacebook esiShayamthetho Sesifundazwe saseGauteng kusukela ngehora le-10:00 mhla zi-3 kuLwezi 2023; noma

3. Ngokuthumela imibono ebhalwe phansi kuNkz Benny Makgato kule imeyili: bmakgato@gpl.gov.za | noma kuNkz Neo Montisi kule imeyili: nmontisi@gpl.gov.za. **Usuku lokuvalwa kokwamukelwa kwemibono ebhalwe phansi ngumhla zi-3 kuLwezi 2023.**

Uma ufuna ukuthola ulwazi oluthe xaxa, vakashela iwebhusayithi yeGPL ku-www.gpl.gov.za noma uxhumane noNkz Benny Makgato kule namba 067 412 1065 | noma uNkz Neo Montisi ku-079 522 9209.